

Inyoni yezindaba enhle kakhulu

Ixoxwa nguKerry Saadien-Raad

Imidwebo nguNatalie noTamsin Hinrichsen

Ihunyushwe nguMalungi Mbhele

Kudalo, kwakukhona isidalwa esimangalisayo. Sasaziwa ngokuthi yinyoni yezindaba enhle kakhulu.

Inyoni yezindaba yayiyinhle futhi ikhaliphile. Yayiyinde, inamandla, kanti izimpaphe zayo zazicwebezela zikhazimula ngemibala emihle. Yayingumxoxi wezindaba ovelele ezweni. Abantu babesuka kude naseduze bezoyilalela ixoxa izindaba, babukele ngokumangala njengoba izimpaphe zayo zazikhanya elangeni nje.

“Nyoni yezindaba! Nyoni yezindaba! Ake usixoxele indaba,” kumemeza abantu.

Uma inyoni yezindaba ibezwa, yayivele ime phambi kwabo ithi, “Sssh! Thulani. Sondelani. Thulani ninganyakazi, nizozwa-ke.”

Abantu babeya babuthane nomaphi lapho inyoni yezindaba yayiya khona. Amazwi ayo ayegwalisa imiqondo yabo ngezithombe zezindawo ezikude. Inyoni yezindaba yayibatshela ngezigigaba. Ibatshela ngezinto ababengakaze bazibone. Izindaba zayo zakwazi ukujabulisa ngisho nezinhliziyo ezidabuke kakhulu.

Inyoni yezindaba enhle kakhulu yayimenywa emikhosini eminingi. Abantu babeye balinde ngesineke ukuba ifike. Lapho sebeyilungele, babememeza bathi, “Nyoni yezindaba! Nyoni yezindaba! Ake usixoxele indaba.”

Bese yona ithi, “Sssh! Thulani. Sondelani. Thulani ninganyakazi, nizozwa-ke.”



Ngesikhathi isencane, izindaba eyayizixoxa inyoni yezindaba zaziheha kakhulu! Abantu babaye bahlale ubusuku nemini beyilalele. Kodwa ngokuhamba kwesikhathi inyoni yezindaba yaya ngokuya iba yindala futhi iba buthakathaka, yize noma iphimbo layo lalisenamandla.

Manje, lapho abantu beyimemeza bethi kuyo, “Nyoni yezindaba! Nyoni yezindaba! Ake usixoxele indaba,” yase iza kubona ihamba kancane.



Noma kunjalo yayiye ithi,
“Sssh! Thulani. Sondelani.
Thulani ninganyakazi,
nizozwa-ke.”

Ngokuhamba kwesikhathi,
abantu baphinde
baqaphela nokuthi
ukugqama kwezimpaphe
zayo kwakufiphala.
Amehlo ayo akhanyayo
ayethanda ukuba luvindi.
Abanye bahleba bathi
mhlawumbe
yayigula.

Ngolunye usuku abantu babuthana ndawonye ngaphansi kwezihlahla. Bememeza bathi, “Nyoni yezindaba! Nyoni yezindaba! Ake usixoxele indaba,” kodwa inyoni ayaze yaqhamuka.

Baphinda bamemeza futhi, “Nyoni yezindaba! Nyoni yezindaba! Ake usixoxele indaba,” kodwa nalapho inyoni lutho ukuqhamuka. Izingane zakhathazeka. Abantu abadala besaba.

“Kwenzekeni kuyona? Ingabe siyoke siphinde siyizwe ikhuluma futhi?” bebuzana.

Baqalaza esibhakabhakeni beyifuna. Kodwa ayizange iqhamuke.



Inyoni yezindaba enhle kakhulu yakuzwa ukukhala kwabantu, futhi yayazi ukuthi babekhathazekile, kodwa kwase kuyisikhathi sokuba ibuyele ekhaya.

Kancane, kancane yahamba ibheke emagqumeni, yahamba yaze yema phambi komgede. Kwakuyindawo eyayaziwa yiyo kuphela. Inyoni yezindaba enhle kakhulu yangena ngaphakathi emgedeni oyimfihlo. Lapho-ke inyoni yezindaba yazixoxa buthule izindaba zayo. Izwi layo lezwakala ubusuku nemini lisholo phansi. Imisindo yezindaba zayo yezwakala inanela ezindongeni yagcwalisa umgede omnyama. Indaba ngayinye yahlala ekunaneleni kwezindonga, ayikho neyodwa eyalahleka. Lapho seyiqedile, yaqhubeka yayoshona ekujuleni komhubhe, ekugcineni komgede, yangaphinde ibonakale.



Ngemva kwesikhathi eside, ngosuku olufudumele nolubalele, umfana omncane obizwa ngokuthi uSamuweli wayephumile ezidlalela eduze komfula. Ilanga lenyukela phezulu esibhakabhakeni njengoba uSamuweli ayezidlalela nje. Ntambama kakhulu waqala wazizwa eshiselwa futhi ekhathele, ngakho wathola umthunzi ngaphansi kwesihlahla, waphumula. USamuweli wazumeka walala ubuthongo obujulile. Kwase kusebusuku lapho ephaphama. Kwakumnyama yonke indawo.

USamuweli wayethukile ngoba wayazi ukuthi uzoba senkingeni lapho efika ekhaya. “Kungcono ngiphuthume ekhaya,” ecabanga, wabe esehamba ebusuku.



Ngemva kwesikhashana nje uSamuweli wabona ukuthi ulahlekile emagqumeni. Wayesehambe wahamba esizwa ukukhanya konyezi, kodwa kwakubonakala engasondeli ekhaya. Wayelambile futhi enxaniwe, waze waqala ukucabanga zonke izinto ezesabisayo ezazisezithunzini zobusuku. USamuweli wehlisa isivinini, izinyawo zakhe zase zibuhlungu, wavele wakhala.

Khona le kude, phakathi komsindo wasebusuku, uSamuweli wezwa imisindo emnandi, eduduzayo imbiza ukuba ayilandele. Wayilandela imisindo eduduzayo. Le misindo yamholela emgedeni wenyoni yezindaba oyimfihlo. USamuweli wangena ngaphakathi. Ekhoneni kwakunamanzi ayephophoza kancane, waphuza kuwona wazenelisa. USamuweli wayethole umgede oyimfihlo owawugcwele ukunanela kwezindaba ezixoxiwe. Futhi, njengoba inyoni yezindaba yayenza ngaphambilini, amaphimbo ananelayo agcwalisa imibono kaSamuweli.



USamuweli wayeyimvithi, umzimba wakhe ukhathele, ubuhlungu, kodwa kule ndawo ekhethekile wayezizwa ezolile futhi eduduzekile. Waphumula. Kanti ngenkathi ephumule, wayelalele. Izindaba zagcwala umqondo wakhe, wazikhumbula zonke.

Ekukhanyeni kokuqala kokusa, uSamuweli waphuza amanzi ayephophoza ngaphakathi emgedeni, wabe esephuma khona. Umoya wenyoni yezindaba enhle kakhulu wase umholela ekhaya.

Kwaba nentokozo enkulu kakhulu lapho uSamuweli efika ekhaya. Abantu bathokoza kakhulu lapho bezwa okwakwenzeke kuye.



“Yeka usuku olujabulisayo! Yeka usuku lwentokozo! Inyoni yethu yezindaba isishiyele lezi zipho. Yeka usuku lwentokozo!” bahalalisa.

Abantu abaphindange bakhuluma ngenyoni yezindaba futhi. Esikhundleni salokho kwakunguSamuweli owayexoxa izindaba ababezilalela ngokuphindaphinda.

Lezi zindaba zabhalwa phansi ezincwadini ukuze bonke abantu bazifunde. Lezi zincwadi zakopishwa ukuze izindaba kwabelwane ngazo ezweni lonke. Manje lezi zindaba zingafundwa ziviwe ezindaweni lapho inyoni emangazayo yezindaba yayingenakuze ifikelele. Izingane ziyajabula uma lezi zindaba zizohlala zikhona.

Ngoko ke, lalala kahle ngesikhathi esizayo uma uzwa indaba. Ungabona sele uzwa amazwi amnandi enyoni yezindaba. Ngaba uyayizwa manje?

Qhubeka nokufunda! Uma uyithokozele le ndaba, ungakhohlwa ukuvakashela iwebhusayithi yethu (www.nalibali.org) wandise iqoqo lakho lezindaba zabantwana MAHALA.



Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nanka amanye amacebo ongawasebenzisa kule ndaba emakhasini loku-1 kuya kwelesi-3 nabantwana basekilasini lakho kanye/noma ithimba lakho lokufunda. Khetha imibono ehambisana kahle neminyaka kanye nokuthandwa yizingane.

- ★ Ekhasini elikhulu, dweba isithombe senyoni yezindaba enhle kakhulu ebhamuzeni lenkulumo, ubhale ukuthi, "Sssh! Thulani. Sondelani. Thulani ninganyakazi, nizozwake." Njengendlela yokwethula indaba, bonisa izingane isithombe sakho bese ubuza, "Ningathanda ukulalela indaba? Yiziphi izinhlobo zezindaba enizithandayo?" Khuthaza izingane ukuthi zixoxelane izinhlobo zezindaba ezizithandayo.
- ★ Buza izingane ukuthi ubani ozifundelayo noma ozixoxela izindaba. Zibuze ukuthi ziye zicabangeni ngalabo bantu uma befunda noma bezixoxela izindaba.
- ★ Phakamisa ukuthi izingane zisebenzise izinto ezisetshenziswa kabusha (njengebhokisi lekhalibhothi, izivalo zamabhodlela, amaroli ephepha lendlu

yangasese noma amathawula ephepha) kanye nezinye izinto (njengemicu yamaphepha anemibala, izidwedwe zezindwangu, uvolo, izinkinobho nobuhlalu) ukuze zizenzele ezazo izinyoni zezindaba ezinhle kakhulu.

- ★ Khuthaza izingane ukuthi zisho izilwane ezicabanga ukuthi zingaba ngabaxoxi bezindaba abahehayo. Bese-ke uzinika ithuba zidweba isilwane esigqamile esihle kakhulu, zibhale ukuthi: "Indaba ehehayo _____" (gcwalisa uhlobo lwesilwane) ngezansi kwesithombe sabo.
- ★ Ngemva kokufunda le ndaba, buza izingane ukuthi yiziphi izinhlobo zezinto ezizesabayo ebumnyameni. Bese uzicela ukuba zisho ukuthi yini esingayenza uma sesaba ebumnyameni. Khuthaza izingane ukuba zisebenze ngazimbili ukuze ziqambe imilozelo emifishane noma izinkondlo ezingazisho uma zizizwa zesaba ebumnyameni. Isibonelo, "Ngibonani? Ngizwani? Uma kungekho lutho, akukho lutho engingalwesaba."

Mayelana nephrojekthi ye-Story Powered Schools

UNal'ibali (igama lesiXhosa elichaza ukuthi "nans' indaba") umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi yalokho izingane ezingaba yikho ngokuxoxa izindaba nokufunda.

I-Story Powered Schools yiphrojekthi esahlolwayo eletha umkhankaso kaNal'ibali wokufundela ukuzithokozisa eyicebo eliqinisekisiwe lokuthuthukisa ukufunda nokubhala ezikoleni ezisemakhaya ezifundazweni zaseMpumalanga Koloni naKwaZulu-Natali. Igunyazwe ngaboMnyango WezeMfundo, ifezekiswe ngabe-United States Agency for International Development (USAID).

Izikole eziyingxenywe yephrojekthi ye-Story Powered Schools zizibophezele ekokheleni inhlansi yalokho izingane ezingaba yikho ngokuxoxa izindaba nokufunda. Zisebenzisa amandla ezindaba ukukhuthaza abafundi ukuba bafune ukufunda nokubhala.

